basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi ayi-7.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 1.1.1 I-Cottonlands√ (1)

1.1.2 Wabatshela ukuthi ufuna ukwakha ikhaya elizoshintsha impilo yezingane ezihluphekayo ibe ngcono. √ (1)

1.1.3 D√/Sunday Tribune. √ (1)

1.1.4 AA Rehabilitation Centre. √ (1)

1.1.5 Ezimbili zalezi:
- Izindlu ezinkulu eziyi-8. √
- Izindawo zokudlala imidlalo ehlukene. √
- Ihholo. √
- Isonto. √
- Indawo yokweluleka izingane. √
- Umtholampilo. √ (2)

1.1.6 Yilezo ezihlukunyeziwe√√/ezihlukumezekile√√/ ezihluphekayo√√/ ezinganakiwe√√/ ezingenawo amakhaya.√√ (2)

1.1.7 Zombili lezi zindawo zinezingane eziningi√ ezidinga usizo.√ (2)

1.1.8 Odokotela bengqondo noSonhlalakahle babefika√ kanye ngesonto kule ndawo. √ (2)

1.1.9 (a) Wayebusa√√/Wayephila kahle√√/Wayenemali eningi√√/ wayecebile√√/ wayeyisigwili. √√ (2)

(b) Ngokulekelela √√/ngokusiza√√/ ngokuxhasa. √√ (2)

1.1.10 Okubili kwalokhu:
- Osomabhizinisi noHulumeni banikela ngemali. √
- Inkampani yakwa-Cipla yanikela ngomtholampilo. √
- Amanye amazwe angaphandle aletha usizo. √
- UZweli Mkhize nonkosikazi wakhe nabo balekelela. √
- Kwasizakala izingane eziningi ezihluphekayo. √
- Abantu baveza ubuntu kulezi zingane. √
- Kwavela amathuba emisebenzi. √ (2)

1.1.11 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
Abanye abazali basuke bengenawo amandla okuzikhulisa nokuzondla√√/ Abanye badla izidakamizwa. √√
(Nokunye okunembayo.) (2)

1.1.12 Iqiniso, wasiza umphakathi waseCottonlands ngokukhulisa izingane eziswele, imfundo, imisebenzi nokuthuthukisa ezempilo. √√ (2)

1.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
Akamlahlanga umyeni wakhe ngesikhathi engasasebenzi√√/ engasenamali√√/ esehlelwe nayisithunzi√√/esenenkinga yophuzo. √√ (2)

1.2 1.2.1 Uphethe iphephandaba ngesandla/uyakwazi ukubona ukuthi sekubhalwa izinombolo hhayi amagama abafundi/ indlela abambe ngayo iphephandaba. √ (1)

1.2.2 Okukodwa kwalokhu:
- Uyabhema. √
- Uyashanela √
- Ukhuluma noJuli √ (1)

1.2.3 Umangele/Wethukile√. Ngoba engaliboni igama lomzukulu (likaSihle) √./ Ubona izinombolo zodwa, engekho amagama.√ (2)

1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
Kuhle ngoba kuyasiza ukuthi abantwana abangaphumelelanga bangabonwa yiwo wonke umuntu. √√/ Abanye abantwana bayazibulala uma bengawaboni amagama abo ephephandabeni. √√

NOMA

Kubi ngoba akubagqugquzeli abafundi ukuba basebenze ngokuzimisela ukuze bangahlazeki emphakathini. √√
(Nokunye okunembayo.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Amaphuzu angabhekwa:

	Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu alindelekile
1.	'Kukhona abantu abenza izikweletu ezingaphezu kwemali abayiholayo noma abanayo.'	1.	Abantu bonakalelwa amagama abo ngoba benza izikweletu ezingaphezulu kwemali abayiholayo noma abanayo.
2.	'Kukhona abantu abahlela ukwenza imicimbi ngemali abangenayo kodwa abasazoyiboleka.'	2.	Abantu benza imicimbi ngemali abayibolekile bagcine bengasakwazi ukuyikhokha ngoba isuke isinkulu kunale abayithathile.
3.	'Kunabantu abanezinhliziyo ezingaphandle abafuna ukuba nayo yonke into abayibona kwabanye.'	3.	Abantu bathenga izinto ngoba bezibona kwabanye.
4.	'Ukucabangela ikusasa nokulandela uhlelo lokonga imali kuyasiza ukubhekana nesikhathi esinzima.'	4.	Abantu abayongi imali ezobasiza esikhathini esizayo.
5.	'Ukuzibambela kwezezimali ebhizinisini nokungaqashi umuntu onolwazi kwenza inzuzo ingakhuli.'	5.	Osomabhizinisi abaphumeleli uma bengenalo ulwazi lokuphatha imali yebhizinisi.
6.	'Umuntu onganaki ukukhokha izikweletu zakhe uyazibulala ngoba ugcina esekhokha inzalo efakiwe.'	6.	Ukungazikhokhi izikweletu ngesikhathi kukhulisa izinkinga zemali onayo.
7.	'Ukungabheki izipesheli uma uthenga kuqeda imali.'	7.	Ukungathengi izinto ezisendalini/ ezishibhile akuyongi imali.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:
Ukwabiwa Kwamamaki:

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
- Isamba samamaki yi-10

Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho.
- Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.

QAPHELA:
Ukubalwa Kwamagama:

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C

UMBUZO 3

3.1 UHuntshu Classic Car√/ imoto. √ (1)

3.2 Okubili kwalokhu:
- Ithwala abantu abaningi√
- Inetafula lokudlela√
- Inesiqandisi esineziphuzo eziphambili√
- Inomabonakude√
- Inezihlalo ezintofontofo√
- Iyazipakela√ (2)

3.3 C√/Ulimi olukhohlisayo. √ (1)

3.4 Idayiselwa abanezinkampani zokuhlela imicimbi kuphela. √√ (2)

3.5 Zenza ukwazi ukubona ukuthi yini ekhangiswayo√√/ Zenza ukuthi ukwazi ukubona uhlobo lwemoto okukhulunywa ngalo√√/Ukuheha abathengi. √√ (2)

3.6 Izimpendulo ziyokwehluka. Isibonelo:
Ngiyavumelana√ ngoba yimoto egitshelwa abantu abanezikhundla eziphezulu/√abanemali eningi√/abahlonishwayo emphakathini. √

NOMA

Angivumelani√, kuyenzeka nomuntu ongenasikhundla esitheni, abekelele imali, agcine ekwazi ukuthenga noma iyiphi imoto ayithandayo.√/ Ungayeboleka imoto noma ungenayo imali.√/ Ugitsheliswe omunye umuntu.√
(Nokunye okunembayo.) (2)
[10]

UMBUZO 4

4.1 Badayisa izidakamizwa√/ badiliva izidakamizwa.√ (1)

4.2 Wathi nyaka! √ Siyaqhum' isibhamu! √ (2)

4.3 Imali√ nezidakamizwa.√ (2)

4.4 D√/Ukuboshwa. √ (1)

4.5 Izimpendulo ziyokwehluka. Okukodwa kwalokhu:
Ukuzivikela uma izigebengu zibadubula./√√
Ukusabisa izigebengu ukuze zingabaleki.√√
(Nokunye okunembayo.) (2)

4.6 Benzela ukuba bedlule kalula emaphoyiseni ngoba bebukeka njengabantu abathembekile.√√/ Benzela ukuba bangabonwa ukuthi bayizigebengu.√√
(Nokunye okunembayo.) (2)
[10]

UMBUZO 5

5.1	5.1.1	Ngentabakazi. √	(1)
	5.1.2	Yakhe. √	(1)
	5.1.3	B√/ukukhuluma into engeke ikusize.√	(1)
	5.1.4	Ngenhlanhla **wangixolela**√ ngoba **ngangiqala**√ ukuphula umthetho wesikole.	(2)
	5.1.5	Wonke.√	(1)
	5.1.6	Nga**zi**khal**ela**.√√	(2)
	5.1.7	Akukubi ukuntshontsha. √√/Kubi ukungantshontshi. √√/Akukubi ukungantshontshi. √√	(2)
	5.1.8	Imisho iyokwehluka kodwa makuvele umqondo ochaza idumbe eliyisitshalo. Isibonelo: Ngidle **idumbe** elinosawoti omningi. √√	(2)
	5.1.9	**Lesi senzo**√ sasizokwenza ngihlale ejele kuze kuphele unyaka **wezi-2018**.√	(2)
5.2	5.2.1	Umuzwa wokuthukuthela/ ukudinwa/ ukucasuka/ ukunengwa/ ukucikeka.√	(1)
	5.2.2	Ngicela. √	(1)
	5.2.3	Okubili kwalokhu: • Ukwakhelwa izindlu√ • Imfundo yamahhala√ • Imitholampilo√ • Amathuba emisebenzi√	(2)
	5.2.4	Ukuvotela umuntu ongeke awusize umphakathi.√√ (Nokunye okunembayo)	(2) **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80